



May 2015, Vol. 18, No.2

Khetha umkhakha ngoba uwuthanda



Ibhalwe ngu: Nqobile Nxumalo
kanye no-Patrick Ngcobo

Kukaningi sizwa abafundi bethi bona bafundela ukuba nemali. Eqinisweni uma imali kuyiyo yodwa into ekunika ugqozi lokuthi uphokophele phambili ungagcina ungapabulile. Imali iyadingeka futhi siyesebenzisa nsuku zonke kodwa lokho akungakushintshi umqondo ekwenzeni izifundo ozithandayo. Uma usukhetha izifundo ozozenza esikhungweni seMfundu ePhakeme, makube izifundo ozozithokozela ukuze ukwazi ukufunda kahle ungazihuduli njalo uma kumele ufunde. Kwesinye isikhathu uthola ukuthi ukhethe izifundo ngoba iningi liya khona noma ulandela abangani. Khetha kahle izifundo ukuze ugqugquzeleke.

Izikhungo ezifana nesiKhungo sezocwaningo lwezo-Moba (SASRI) zigxile kakhulu emisebenzini ephathelene nocwaningo ezintweni ezahlukahlukene. Siyaye sikhuthaze kakhulu ukuthi abafundi bakhethe imikhakha eneSayensi nobuChwepheshe eziKhungweni zeMfundu ePhakeme uma befuna ukwenza ucwaningo.

IMboni kaShukela iyaye ixfase abafundi abenza izifundo zobuChwepheshe neSayensi ngokubanika imifundaze kanye noqequeso.


Uma nidinga usizo noma imininingwane ethe xaxa mayelana nokukhetha imikhakha kanye nemifundaze eqhamuka eMbonini kaShukela ningathintana noNqobile Nxumalo ku-031 508 7511 / 071 850 7292. Siyaye sibe nezinhlelo zokuvakashela ezikoleni nasezikhungweni zeMfundu ePhakeme uma kunemicimbi yokukhuthaza abafundi, ningasimema uma nifisa sinivakashele ezikoleni sizokhulumu ngemikhakha eyahlukahlukene.



OKUQUTHWE



Ubuhle bomoba: Uma uhambisa umoba os-ezingeni elihle esigayweni, kuzongena imali ephaketheni.



Asikhulume Mlimi: Zititilizele ngemiklomelo ekhuthaza ukufunda nokulima ngendlela.



Izivuthisiwi: Khulisa inzuso ngokusebenzisa izivuthisiwi ezifanele, ngesikhathi esifanele nangendlela efanele.

Iqophelo Lezinga Lomoba

Abalimi balima umoba ukuze benze inzuzo.



Ibhalwe ngu: John Neen
noThulani Masondo

Abalimi bakhokhelwa:

- Ngamathani abawayisa esigayweni somoba.
- Ngeqophelo eliphezulu lomoba oyiswe esigayweni.

Uma iqophelo liphezulu, nenkokhelo ibayinhle!

Indlela umlimi akhokhelwa ngayo siyibiza nge-RV.

Igama elithi-RV lisho ushukela isigayo esikwazi ukuwukhipha ogoqweni lomoba.

Ngamafuphi uhlelo lwe-RV:

- Lwenza abalimi abafaka umoba omuhle novuthiwe esigayweni bahlomule.
- Lolu hlelo lwenza abalimi abafaka umoba omubi (ongcolile, onokhula nenhlabathi, osekukudala wahlahlwa kanye nongavuthiwe) esigayweni bathole imali encane uma sebekhokhelwa.

Sisuke sithini uma sithi umoba os-eqophelweni eliphezulu?

Umlimi womoba kumele acabange ngalezi zinto uma kukhulunywa ngeqophelo elihle lomoba:

- Umoba omuhle.
- Umoba okhule ngokwanele noma ovuthiwe.
- Umoba ohlanzekile.
- Umoba ongenazifo.
- Umoba ogawulwe kahle ongenamaphosi.
- Umoba ogawulelwie kahle phansi (ongenazimpande kanye nenhlabathi).
- Umoba ongahlalanga isikhathi eside un-gagawuliwe (omile) ngemva kokushiswa.
- Umoba othathe isikhathi esincane ukuthi uyongena esigayweni ngemva kokushiswa.

Ngemva kokushisa hambisa umoba wakho esigayweni ngokushesha (azingapheli iz-insuku ezintathu unganganile esigayweni) ukuze uvimbele ukulahleka kukashukela. Shisa indawo ozokwazi ukuyihlahla ngez-insuku ezintathu.

Uhlelo lwe-RV lukhokha imali encane kubalimi abathumela:


- Umoba onamakhafilithi amanangi – akumele uthunyelwe namathophisi nopayi esigayweni lokhu kwandisa amakhafilithi.
- Umoba onezinto eziningi ezingewona ushukela (non-sucrose) – akumele uthunyelwe usumdale esigayweni, lomoba usuke sewunoshukela omncane noma ophansi bese wandisa okungesi-wona ushukela (non-sucrose).

Lindela inzuzo encane ngomoba osuhlale isikhathi eside ezonini ngaphambi kokuthi uye esigayweni.

Ugawulelwia kuphi nendawo umoba?


Ithophisi:-

- Gawulela phansi ngoMbasa noNhlaba (uma isigayo sisavulwa).
- Gawulela phezulu ngoNcwaba nangoMandulo (maphakathi nokusebenza kwasigayo).
- Gawulela phansi ngoZibandlela (lapho isigayo sisuke sesizovala).



Isiqu:-

- Gawulela phansi kulingane nomhlabathi ngoba ukugawulela phezulu kushiya iziphunzi okuyizona ezinoshukela omningi okumele ngabe uya esigayweni. Iziphunzi ziphazamisa ukukhula kwehlumela. Ukugawulela phansi kakhulu kwenza umlimi ahambise inhlabathi nezimpande esigayweni kanti kulimaza nesinde lomoba.



UBUSIKA ABUSHO UKUTHI UKHULA ALUKHO



Ibhaliwe ngu: William Gillespie

Ulwazi nezithombe lutholakale ku-Dr Peta Campbell



Ukubulala ukhula emasimini kuyinto yazikhathi zonke, nasebusika kumele kuliwe nokhula ukuze umoba ut-hole umswakama, umsoco kanye nomoya owanele. Ukhula luba inkinga ebusika ikakhulukazi kulawo masimu atshalwe ngoMasingana (January) kuya kuNdasa (March) ngoba kushaya isikhathi sasebusika engakambozi. Uma ubhekene nalenkinga, qinisekisa ukuthi uyalususa ukhula olumila ebusika ungaluyeki uthi uyoze ulubulale entwasahlobo.

Gcina amasimu ehlanzekile engenakhula ubusika bonke kuze kufike intwasahlobo lapho ezobe esemboze khona. Ukuqhakaza kotshani akuvamile uma kungashisi kakhulu, kepha uma kushisa ebusika ubabe luyaye luqhakaze. Lokhu kudala kube nesidingo sokulwa nobabe. Lufake emasakeni ukuze lungatshaleki ngenkathi kuhlakulwa noma kufakwa izibulala-khula.

Utshani obenabayo nabo budinga ukuqashelwa bungasuki kumabhande noma emigwaqeni yasepulazini bungene emasimini omoba. Qikelela ukuthi unqenqema lwensimu luhlala luhlanzekile. Kumele ngoNcwaba (August) luqashwe kakhulu ukuze lungandi noma lusabalale. Hlakula noma usebenzise izibulala-khula ukulwa notshani obenabayo.

Ukhula olunamaqabunga amakhulu njengoqadolo luba luningi ngenxa yezimvula zasebusika. Kumele kuliwe nalo luseluncane lungaphansi kwebhokisi likamentshisi. Faka izibulala-khula eziqondene nokulwa nokhula olungakahumi ukuze insimu yakho ihlale ihlanzekile. Qinisekisa ukuthi umhlabathi uswakeme noma kube ukuthi kulindeleke imvula maduze ukuze izibulala-khula zisebenze kahle.

Uma izigubhu zezibulala-khula sezingenalutho akuvumelekile ukuba zishiswe noma zisetshenziselwe eminye imisebenzi njengokufaka udoti noma ukukha amanzi. Kumele umlimi azihambise lapho athenga khona izibulala-khula noma abathinte bazilande epulazini.


Qaphela: uma uyekela ukhula luchanase ensimini yakho lokho kulimaza isivuno sakho!!



Ubabe




Isinandi/Ungwengwe



Uqadolo

Asikhulum Mlimi

Sibungaza iminyaka engamashumi ayisishi-yagalolunye (90 years) isiKhungo sezoCwaningo Lomoba sasungulwa. Phendula lomubuzo olandelayo uziwinele umklomelo wokuhlolelwa umhlabathi mahhala:- *Ephephni labalimi Ingede ephume ngenyanga kaMasingana (January) unyaka ka-2015 nangoMandulo (September) unyaka ka-2014, iyiphi i-Volume kanye nezhloko ez-intathu ezazikhona kuwo womabili?* Ukuze uziwinele lomuklomelo thintana noNqobile Nxumalo ku- 301 508 7511 / 071 850 7292 umunikeze izimpendulo zakho kanye neminingwane yakho.



Ukuvuthiswa komoba ngezivuthiswi



Ibhalwe ngu: Sifiso Hlela

Ukuvuthiswa komoba ngemithi kukhulisa inzuko umlimi ayithola ngomoba awuyisa esigayweni. Akukhuphuli iqophelo lomoba kodwa kugxila kakhulu kujusi okhishwa wumoba. Ezindaweni zaseNyakatho ezinisela ngokuphelele, umlimi anganyusa inzuko nge-0.5% kuya ko-2%, kwezis'ogwini ngo-1.5% kuya ko-1.7% kanti Maphakathi nesifundazwe (KZN) inganyuka ngo-1% kuya ko-1.5%. Ngokwesivuno uma umlimi efake izivuthiswi ngokwezincomo zakwa-SASRI, akalahlekewa yilutho. Uma kwenzekile sehla isivuno ufake izivuthiswi, ubushukela (Recoverable Value/RV) buyaye busivale isikhala sesivuno esilahlekile nezindleko zokuyisa umoba esigayweni ziyebla. Emhlabathini ongemuhle kuyenzeka isivuno sehle.

Izimo ongafaka ngaphansi kwazo izivuthiswi

Umoba wakho akumele uswele umswakamo futhi kumele ukhule ngendlela okuyyo. Kumele ube namahlamvu ayi-8 noma ngaphezulu aluhlaza uphinde ube namalunga amade ikakhulukazi kwangaphezulu. Uma usebenzisa i-Fusilade Forte, ukocoliseka (purity) emobeni kumele kuge-85% noma ngaphansi. I-Ethophon yona idinga umoba onokuliseka okungama-75% noma ngaphansi.

Izimpawu zezivuthiswi ezisebenze kahle emobeni

Eze-Fusilade Forte

- Umugqa omnyama ojikeleze ugoqo lomoba uma umoba uwuhluba.
- Imixhantela noma ukuqhuma kwamehlo ogoqwensi.
- Amaqabunga asandakuqhuma ayafa.



Qaphela

Ungafuthi uma kunetha. Isimo somoya masibe ngaphansi kwama-8km ngehora. Uma ufutha kunomoya ongaphezulu kwama-8km kuya kuma-15km ngehora kumele unciphise ukuphakama kwenozolo kanti ngaphezulu kwama-15 km ngehora ungafuli.

Funda amapheshana axwayisa ngokusetshenziswa kwemithi uphinde ugqoke izingubo zo-kuzivikela.

Amasu Asemqoka



Ibhalwe: Abeluleki bakwa-SASRI

Njengoba izimvula zasehlobo ebezilindelekile zingananga ngendlela, lokho kuzodlala indima engeyinhle emobeni okhulayo kulonyaka. Umoba ubonakala ukhula kahle uze uluhlaza satshani ezindaweni ezahlukene embonini kashukela kodwa ukululeka kwezingoqo kuthikamezekile. Abalimi abasezindaweni ezingachele ibona isomiso esilethe kakhulu izinkinga emobeni wabo. Abalimi kumele baqikelele ukuthi bayabhekisa ubuhle bomoba, ukuhlahla, izifo nezinambuzane, ukususwa kokhula kanye nemisoco.


MAY / NHLABA

- Lungisa futhi ugcine isesimweni imigudu nemisele yamanzi emasimini.
- Maphakathi nezwe – hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa.
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini asehlahliwe ukuze uthole izincomo ngohlobo lwasikhuthazi nesibalo samasaka okumele usifake.
- Qikelela ukuthi uyayilandela noma uyayihlonipha imithetho yokushiswa komoba.




JUNE / NHLANGULANA

- Thenga umanyolo ozowuse-benzisa ngokwezincomo zakwa-SASRI bese wenza izinhlelo zokuwufaka
- Lungisa amabhande avimba umlilo, ukekelezele amasimu akho
- Maphakathi nezwe – hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa



JULY / NTULIKAZI

- Qinisekisa ukuthi izigubhu zakho zokufaka uphoyizeni noma Izibulala-khula nezokufaka umanyolo zisesimweni sokusebenza
- Bulala ukhula lwasebusika
- Thatha amasampula emasi-mini akho embewu ukuhlolola isifo uMbasha (RSD)



AUGUST / NCWABA

- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika
- Thatha amasampula emasi-mini akho embewu ukuhlolola isifo uMbasha (RSD)



ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela, Joe Nkala, Patrick Ngcobo & Sagie Doorsamy (Umhleli) Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibozo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za